Isifundo 1

**28 Zibandlela - 3 Masingana*

Kusukela Ekufundeni Kuye Ekuqondeni

NGESABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki funda ku:
Luka 24:25-27; 2 Petru 3:11-13; Jonah 3:3-10; Numeri 14:34, Daniyeli 9:23; 10:11, 12.

Indimana Yekhanda:
“Ufiliphu wayesegijimela kuye, wayizwa ifunda umprofethi u-Isaya, wathi: “Uyakuqonda kambe lokhu okufundayo na?” (Izenzo 8:30).

Indimana Yekhanda: “Ufiliphu wayesegijimela kuye, wayizwa ifunda umprofethi u-Isaya, wathi: “Uyakuqonda kambe lokhu okufundayo na?” (Izenzo 8:30). bandla lethu lazalwa ngalokho okubhalwe emakhasini encwadi kaDaniyeli, esifunda ngayo kulekota. Uma siqala-nje, asikhumbule lamaphuzu alandelayo ukuze asihole ekufundeni kwethu:

Okokuqala, asikhumbule njalo ukuthi uKrestu uYena ingqikithi yencwadi kaDaniyeli, njengoba enjalo nangalo lonke iBhayibheli. Okwesibili, uDaniyeli ubhalwe ngendlela etshengisa ikhono lokubhala elisisiza ukuqonda okuyikona okugxilwe kukho. Okwesithathu, sidinga ukuqonda umehluko phakathi kweziprofetho ezejwayelekile nalezo ezikhomba isiphelo. Lokho kuzosisiza ukwehlukanisa phakathi kweziprofetho zikaDaniyeli nalezo zabanye abafana naboIsaya, Amose noJeremiya. Okwesine, njengoba sifunda ngeziprofetho zikaDaniyeli ezithinta isikhathi, sidinga ukuqonda ukuthi leziprofetho zihamba ibanga elide lesikhathi futhi zibalwa ngokusebenzisa umthetho othi usuku lumele umnyaka. Okweihlanu, sizogcizelela ukuthi incwadi kaDaniyeli ayiphethe-nje kuphela ulwazi ngesiprofetho, kodwa futhi ifaneleke kahle empilweni yethu ngabanye namhlanje.

**Funda isifundo salelilviki ukulungisela iSabatha lika 4 Masingana.*

UKrestu: INgqikithi kaDaniyeli

Funda kuluka 24:25-27; Johane 5:39; naku 2 Korinte 1:19, 20. Kungayiphi indlela uKrestu eyingqikithi yeMibhalo na?

Akungatshanzwa ukuthi uJesu ungumongo weMibhalo, kanti lokho kubandakanya noDaniyeli uqobo. Isibonelo: Isahluko 1 siyatshengisa, nakuba kungendlela encane nengaphelele, ukuthi amava kaDaniyeli angumfanekiso alawo kaKrestu, owashiya izulu ukuzohlala kulomhlaba wesono abhekane namandla obumnyama. Futhi, uDaniyeli nabangane bakhe baphiwa yizulu ukuhlakanipha okufana nokukaKrestu ukuze babhekane nezinselele zempilo yaseBhabhiloni. Isahluko 2 sichaza umfanekiso wetshe lesikhathi sokugcina ukutshengisa ukuthi umbuso kaKrestu ekugcineni uyothatha indawo yemibuso yomhlaba. Isahluko 3 sisembulela uKrestu ehamba nezinceku zaKhe ezethembekile esithandweni somlilo. Isahluko 4 sisitshela ngoNkulunkulu esusa uNebukadinesari embusweni wakhe isikhashana ukuze lenkosi ifunde ukuthi "Izulu liyabusa" (Daniyeli 4:26). Amazwi athi "Izulu liyabusa" asikhumbuza ukuthi uKrestu njenge "Ndodana yoMuntu" (Daniyeli 7:13), wamukela umbuso nobukhosi njengoba kulotshwe kuDaniyeli 7. Isahluko 5 sibonakalisa isiphelo senkosi uBelishasari nokuwa kweBhabhiloni linqontshwa amaPheresiya ngobusuku bokuzitika ngokudla nophuzo. Lokhu kumele ukunqotshwa kukaSathane nokuchithwa kweBhabhiloni lesikhathi sokugcina nguKrestu nezingelosi zaKhe. Isahluko 6 sitshengisa uzungu oluboshelwe uDaniyeli ngendlela efana nezinsolo zamanga ezethweswa uJesu ngabapristi abakhulu. Kanti futhi njengoba inkosi uDariyu wazama ngeze ukusindisa uDaniyeli, uPilatu naye wazama ngeze ukusindisa uJesu (Mathewu 27:17-24). Isahluko 7 sibonakalisa uKrestu njengeNdodana yoMuntu amukela umbuso, ebusa phezu kwabantu baKhe. Isahluko 8 sibonakalisa uKrestu njengompristi wethempeli lasezulwini. Isahluko 9 sisinika isithombe sikaKrestu engumhlatshelo okwathi ngokufa kwaKhe waqinisa isivumelwano phakathi kukaNkulunkulu nabantu baKhe. Bese kuthi izahluko 10-12 zisinika uKrestu enguMikhayeli, umkhuzi omkhulu wamabutho, olwisana namabutho obubi, ahlangule abantu bakaNkulunkulu nasemandleni okufa. Manjeke asikhumbule ukuthi uKrestu uyingqikithi kaDaniyeli. Kuzo zonke izahluko zalencwadi kukhona okuthile okukhomba kuKrestu.

Phakathi kwemizabalazo, izilingo, noma nezikhathi zentokozo enkulu nokunethezeka, singafunda kanjani ukugcina uKrestu engumongo wezimpilo zethu na? Kubaluleke ngani ukuthi senze lokho na?

Ukuhlelwa Kwencwadi kaDaniyeli

Ukuhlelwa kwesigaba sesi-Arameyiki kuDaniyeli, izahluko 2-7 (izinxenye ezithile zikaDaniyeli zazibhalwe ngesiHeberu, kanti ezinye zazibhalwe ngesi-arameyiki), kutshengisa lokhu kuhlelwa okulandelayo, okuqinisa isigijimi esiyingqikithi yaleso sigaba kanye nencwadi yonkana:

A. Umbono kaNebukadinesari wemibuso emine (Daniyeli 2)
  B. UNkululunkulu ukhulula abangane bakaDaniyeli esithandweni somlilo (Daniyeli 3)
    C. Isahlulelo kuNebukadinesari (Daniyeli 4)
    C'. Isahlulelo kuBelishasari (Daniyeli 5)
  B'. UNkulunkulu ukhulula uDaniyeli emphandwini wezingonyama (Daniyeli 6)
A'. Umbono kaDaniyeli wemibuso emine (Daniyeli 7)

Ukuhlelwa kokubhala ngalendlela kusiza ukugqamisa iphuzu okuyilona elikhulu ngokulibeka enhliziyweni yohlelo, esikubona lapha ngo C no C' (Daniyeli 4 no 5): UNkulunkulu ususa umbuso kuNebukadinesari (okwesikhashana) nakuBelishasari (unomphelo). Ngakho-ke okugcizelelwa yizahluko 2-7 ubukhosi bukaNkulunkulu phezu kwamakhosi omhlaba njengoba ewabeka aphinde awasuse. Enye yezindlela ezisebenza kahle kakhulu ukudlulisa umlayezo nokucacisa iphuzu, ukuphindaphinda. Isibonelo: uNkulunkulu unika uFaro amaphupho amabili mayelana nokuzokwenzeka eGibhithe masinyane Genesise41:1-7). Ephusheni lokuqala, izinkomo eziyisikhombisa ezikhuluphele zigwinywa eziyisikhombisa ezizacile. Ephusheni lesibili, izikhwebu eziyisikhobisa ezinhle zingwinywa eziyisikhombisa ezihamukile. Womabili lamaphupho asho into eyodwa: iminyaka eyisikhombisa yenala ezolandelwa yiminyaka eyisikhombisa yendlala. Encwadini kaDaniyeli, nalapho uNkulunkulu usebenzisa ukuphindaphinda. Kukhona iziwombe ezine zesiprofetho, okungukuphinwa kohlelo jikelele. Ekugcineni, loluhlelo lusitshengisa ubukhulu bobukhosi bukaNkulunkulu. Nakuba isiprofetho ngasinye sikhuluma ngento eyehlukile, sezihlangene, zikhuluma ngomlando ofanayo, osukela esikhathini somprofethi kuye ekupheleni, njengoba lomfanekiso ongenzansi utshengisa:

Daniyeli 2	Daniyeli 7	Daniyeli 8, 9	Daniyeli 10 - 12
Bhabhiloni	Bhabhiloni		
Mediya-Pheresiya	Mediya-Pheresiya	Mediya-Pheresiya	Mediya-Pheresiya
Gresi	Gresi	Gresi	Gresi
Roma	Roma	Roma	Roma
Kwesekwa Umbuso kaNkulunkulu	Ukwahlulela kwezulu okuholela emhlabeni omusha	Ukuhlanzwa kwethempeli	UMikhayeli uyasukuma

Iziprofetho Ngezikhathi Zokuphela KwekaDaniyeli

Imibono yesiprofetho ebhalwe encwadini kaDaniyeli yehlukile kuneziprofetho eziningi ezikhulunywa abanye abaprofethi beTestamente eliDala. Iziprofetho zikaDaniyeli ziwela ngaphansi kohlelo lwezejwayelekile. Kubalulekile ukwazi umehluko phakathi kwalezinhlobo zesiprofetho ukuze umuntu aqonde kahle isiprofetho seBhayibheli. Iziprofetho zokwambulwa zinezimpawu ezingavamile, ezizehlukanisayo kulezo okuthiwa yiziprofetho ezejwayelekile: Imibono namaphupho. Esiprofethweni sokwambulwa uNkulunkulu usebenzisa kakhulu amaphupho nemibono ukuthumela umlayezo waKhe kumprofethi. Lulezo ezejwayelekile, umprofethi uthola "iZwi leNkosi,"—elingahlanganisa nemibono—okungamagama esiwathola izikhathi ezingu 1 600 eziprofethweni ezejwayelekile. Imifanekiso embaxambili. Ngesikhathi iziprofetho ezejwayelekile zinemifanekiso emincane, imifanekiso ebonwa njalo ekuphileni; kulezo eziphathelene nokwembulwa uNkulunkulu usebenzisa imifanekiso engavamile ekuphileni, njengezilo ezinezimpiko nezimpondo. Ukubusa kwezulu nokungabikho kwemibandela. Ngokuphambene neziprofetho ezejwayelekile, okugcwaliseka kwazo kuvame ukwencika endleleni abantu abasabela ngayo ngaphansi kwesivumelwano sikaNkulunkulu noIsrayeli, iziprofetho zesiphelo somhlaba azinambandela. Ngalezi profetho uNkulunkulu wembula ukukhuphuka nokuwa kwemibuso yomhlaba kusukela emihleni kaDaniyeli kuze kube sekupheleni kwesikhathi. Loluhlobo lwesiprofetho lwencike ekuthini uNkulunkulu wazi inzinto ngaphambi kokuthi zenzeke, nokubusa kwaKhe, futhi zizogcwaliseka noma ngabe abantu benza ziphi iziqumo.

Funda kuJona 3:3-10. Ngabe lesi yisiprofetho esejwayelekile noma esikhuluma ngokubhubha komhlaba na? Sekela impendulo yakho. Kanjani-ke ngo Daniyeli 7:6?

Ukwazi ngezinhlobo ezehlukene zesiprofetho, njengezejwayelekile nezikhuluma ngesiphelo somhlaba, kungaba lusizo olukhulu. Okokuqala-nje, lezinhlobo zitshengisa ukuthi uNkulunkulu usebenzisa izindlela ezehlukene ukuthumela iqiniso lesiprofetho (Heberu 1:1). Okwesibili, ulwazi olunjalo lusisiza siqonde kangcono ubuhle nobubanzi beBhayibheli. Okwesithathu, lolulwazi luphinde lusisize ekuhumusheni iziprofetho ngendlela ehambisana nobufakazi beBhayibheli lonke, sikwazi nokuchaza kahle "izwi leqiniso" (2 Thimothewu 2:15).

Ngokubuka izindimana ezifana noHoseya 3:4, 5; Amose 8:11; no Zakariya 9:1; amanye amaKrestu namhlanje alindele ukuthi izigameko zokugcina emlandweni womhlaba ziyokwenzeka eMpumalanga ePhakathi. Yini iphutha lalencazelo na? Ukwazi umehluko phakathi kweziprofetho zesiphelo nezejwayelekile kungasisiza kanjani ukuchaza loludaba na?

Isilinganiso SikaNkulunkulu Sesikhathi

Elinye iphuzu elibalulekile esifanele ukungalikhohlwa uma sifunda incwadi kaDaniyeli, indlela yokufunda isiprofetho sesiphelo ngokuqondene nomlando. Lemfundiso, ephinde yaziwe ngokuthi yi-historicism, inkolelo yokuthi okuzayo kwencike kulokho oseke kwenzeka ngaphambili, ingezwakala kangcono uma iqhathaniswa neziphikisana nayo i-preterism, futurism, ne idealism. I-preterism ibuka izigameko eziprofethwe kuDaniyeli ngokuthi senzeka esikhathini esingaphambili. I-futurism yona ithi zona lezo ziprofetho zisazogcwaliseka. I-idealism yona ithi iziprofetho ngokuphela komhlaba ziyimifanekiso yesimo sokukhonza ngaphandle komthelela womlando. I-historicism, ngokuphikisanayo, ithi ngokusebenzisa isiprofetho sesiphelo, uNkulunkulu wembula uthotho olunganqamuki lwezigameko zomlando kusukela esikhathini somprofethi kuye esikhathini sokugcina. Uma sifunda incwadi kaDaniyeli, sizothola ukuthi umbono omkhulu ngamunye (Daniyeli 2, 7, 8, 11) uphinda lomlando ngezindlela ezehlukene nangemininingwane emisha. Ovulindlela bama-Adventist, kuhlanganisa noEllen G. White, babeziqonda kahle iziprofetho zikaDaniyeli nesambulo ngokuphathelene nomlando.

Funda kuNumeri 14:34 noHezekeli 4:5, 6. Ngokolimi lwesiprofetho, "usuku" luvame ukumelani na?

Uma sifunda incwadi kaDaniyeli, sidinga ukukhumbula futhi ukuthi isikhathi sesiprofetho sibalwa ngomthetho othi usuku lumele umnyaka. Okusho ukuthi usuku esiprofethweni luvame ukulingana nomnyaka ekubaleni okwejwayelekile. Kanjalo-ke, isiprofetho sokuhlwa nokusa okungu 2 300 sidinga ukubonwa ngokuthi sisho iminyaka engu 2 300 (Daniyeli 8:14). Ngokunjalo, isiprofetho samasonto angu 70 akwaziwe ukuthi sisho iminyaka engu 490 (Daniyeli 9:24-27). Lesilinganiso sesikhathi sibonakala sifanelekile ngenxa yezizathu ezithile ezisobala: (1) Njengoba lemibono iyimifuziselo, izikhathi okukhulunywa ngazo nazo kufanele zibe yimifuziselo. (2) Njengoba izigameko zalemibono zithatha iminyaka emide, kuze kube "sesikhathini sokugcina" kwezinye izindawo, ubude besikhathi esiqondene naleziprofetho kufanele sihunyushwe kanjalo. (3) Umthetho wokuthi usuku lumele umnyaka uyaqiniswa yincwadi kaDaniyeli. Isibonelo esicacile sivela kwisiprofetho samasonto angu 70, esibalwa kusukela ezinsukwini zenkosi uAritahishashita kufikela ekufikeni kukaJesu njengoMesiya. Ngakhoke indlela okuyiyona esobala nefanelekile ukwenza umqondo ngezikhathi zesiprofetho ezitholakala encwadini kaDaniyeli ukuzichaza ngokusebenzisa umthetho wokuthi usuku lumele umnyaka.

Ezinye zalezi profetho zesikhathi zithatha amakhulu noma izinkulungwane zeminyaka. Lokho kufanele kusifundiseni ngokuba nesineke na?

Ukufaneleka KukaDaniyeli Kulesikhathi Samanje

Yize noma yabhalwa eminyakeni engaphezu kuka 2 000, incwadi kaDaniyeli ilokhu ifanelekile ebantwini bakaNkulunkulu kumnyaka-khulu ka 21. Sizophawula imikhakha emithathu incwadi kaDaniyeli engafaneleka ngayo kithina. UNkulunkulu uyabusa ezimpilweni zethu. Noma izinto sezibheda, uNkulunkulu usabusa futhi usasebenza ngezenzo zabantu ukubonelela izingane zaKhe ngokuhle kakhulu. Okwenzeka kuDaniyeli eBhabhiloni kufana nalokho okukaJosefa eGibhithe, noEsteri ePheresiya. Labantu abasha abathathu babethunjiwe emazweni okuhamba, bengaphansi kwengcindezi enkulu yezizwe ezingakholwa. Kulowo odlulisa amehlo-nje, bangabonakala sengathi babebuthakathaka nokuthi uNkulunkulu wayebadelile. Kodwa, iNkosi yabaqinisa, yabasebenzisa ngezindlela ezinamandla. Lapho sibhekene nezilingo, ukuhlupheka, nokuphikiswa, singabheka kulokho uNkulunkulu akwenzela uDaniyeli, uJosefa, no Esteri. Singaqiniseka ukuthi uNkulunkulu uhlezi eyiNkosi, nokuthi akasilahlile ngisho naphakathi kwezilingo zethu nokuvivinywa.

UNkulunkulu ubambe amatomu omlando. Ngesinye isikhathi siyadideka ngenxa yomhlaba ongenanjongo nogcwele isono nodlame. Kodwa isigijimi sikaDaniyeli sithi uNkulunkulu uwabambile amatomu. Kuzo zonke izahluko zikaDaniyeli, isigijimi siyabethelelwa ukuthi uNkulunkulu uqondisa ukuhamba komlando. U-Ellen G. White uthi: “Emlandweni wabantu ukukhula kwezizwe, ukundlondlobala nokuwa kwemibuso, kubonakala kwencike entandweni yomuntu nezikhwepha zakhe. Ukuthi kuzokwenzekani, kubonakala sengathi kusezandleni zomuntu, nezifiso zakhe, noma ubuqili bakhe. Kodwa ezwini likaNkulunkulu liyavulwa ikhethini, sibone ngemuva nangaphezulu, yonke iminyakazo namaqhinga abantu, izithunywa zaKhe Yena onomusa omkhulu, zisebenza ngokuthula nangesineke ukufeza intando yaKhe.”—Education, ikhasi 173.

UNkulunkulu uhlinzeka ngesibonelo kubantu baKhe esikhathini sokugcina. UDaniyeli nabanganebakhebayisibonelosokuphilaemphakathinionezinkoleloezivameukungqubuzana nemfundiso yeBhayibheli. Uma bephansi kwengcindezi yokuxegisa ukukholwa kwabo, benzelele ngokwenza izinto ezizophika ukuzinikela kwabo kuNkulunkulu, bahlala bethembekile eZwini likaNkulunkulu. Amava abo okwethembeka nokuzinikela okuphelele eNkosini kuyakhuthaza uma sibhekene nempikiswano nokuhlushwa ngenxa yevangeli. Khona manjalo, uDaniyeli uyatshengisa ukuthi yinto engenzeka ukuba negalelo embusweni nasemphakathini kodwa uhlale wethembekile kuNkulunkulu.

Funda kuDaniyeli 9:23; Daniyeli 10:11, 12; noMathewu 10:29-31. Zithini lezindimana ngomdlandla kaNkulunkulu emizabalazweni yethu na?

_____

_____

Ukujula Nomcabango:

"IBhayibheli lahlelelwa ukuba yisiqondiso kubo bonke abafisa ukwazana nentando yoMdali wabo. UNkulunkulu wanika abantu izwi eliqinisekile lesiprofetho; izingelosi, noKrestu uqobo, zeza ukuzokwazisa uDaniyeli noJohane izinto ezazizokwenzeka masinyane . Lezo zindaba ezibalulekile ezithinta ukusindiswa kwethu aziyekwangwa zifihlakele. Azembulwangwa ngendlela ezodida, ilahlekise abantu abafuna iqiniso ngokuzimisela. Uthi uNkulunkulu ngomprofethi uHabakuki: "Wulobe umbono uwuqophe ezibhebheni ukuba ufundwe kalula, "Habakuki 2:2. Izwi likaNkulunkulu licacile kubo bonke abalifunda ngenhliziyo enomthandazo. Wonke umphefumulo oqiniseke ngempela uzokuthola ukukhanya kweqiniso. 'Ukukhanya kuhlanyelelwe olungileyo.' IHubo 97:11. Futhi alikho ibandla elingakhula ebungcweleni ngaphandle kokuthi amalunga alo afune iqinso ngokukhuthala sengathi afuna umcebo ofihliweyo."—Ellen G. White, *The Great Controversy*, amakhasi 521, 522. "Funda umlando kaDaniyeli nabangane bakhe. Nakuba babephila lapho babephila khona, nxazonke behlangabezana nezilingo zokutamasa, badumisa uNkulunkulu bamnika inkazimulo ngempilo yansuku zonke. Bazimisela ngokugwema bonke ububi. Benqaba ukuzibeka endleleni yesitha. UNkulunkulu wavuza ukukholeka kwabo okunganyakazi ngezibusiso ezinkulu."—*Manuscript Releases* [No. 224], vol. 4 (Ellen G. White Estate, 1990), amakhasi 169,170.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Uma sifunda incwadi kaDaniyeli, kunephuzu eligqamile elivelayo. UNkulunkulu akagcini ngokubusa phezu kwazo zonke izizwe, kodwa wazana nathi ngabanye, ngendlela esondelene nesezingeni elijulile. Isibonelo ukuthi njengoba sizobona kuDaniyeli 2, wakwazi ukunika inkosi yomhedeni iphupho. Ukungena engqondweni yomuntu elele, ufake iphupho, kutshengisa ukusondelana esingakwazi nokukuqonda. Kusenjalo, njengoba sizobona, uhlobo lwephupho lutshengisa ukuthi uNkulunkulu uyabusa naphezu kwemibuso emikhulukazi yomhlaba, futhi uyazi ukuthi konke kuyophela kanjani. Singathola kududuzeka kuni nathemba lini kulomfanekiso weqiniso na? Kusenjalo, kukwenza uzizwe kanjani ukwazi ukuthi uNkulunkulu usondele kangangoba wazi nemicabango yakho? Maqondana nalokhu-ke, kungani isithembiso sesiPhambano sibaluleke kangaka na?

2. Eklasini, xoxani ngomehluko phakathi kwesiprofetho esejwayelekile nesiphathelene nesiphelo . Yiziphi ezinye izibonelo zazo zombili ongazithola eBhayibhelini?